# *Wayesefika-ke UJesu*

. . . naseGameni elikhulu loMntwana waKho ogcotshiweyo, iNkosi uJesu Kristu. SiyaKubonga ngokuPhila kwaKhe, nangomusa waKhe ochithekele ezinhliziyweni zethu, ngoMoya oNgcwele.

2 Uma nje besingama, ukubala izibusiso eziningi esinikezwe zona, bekuyoba ezingenakubalwa. Siyabonga ngempilo yethu, nangazo zonke izibusiso ezinkulu imali ebingenakuzithenga. Wena uye wathi ngokucebile, ngomusa waKho, wakubeka phezu kwethu. Futhi singabantu abanenhlanhla yokwazi Wena.

3 Futhi izinhliziyo zethu zifisa ukuthi labo abangakwazi Wena, futhi abangenabo ubungane naWe, ukuze bajwayelane naWe, futhi izono zabo zithethelelwe, futhi babe nobungane naWe, Baba. Ngokuba Wena wathi, "Ngimnene futhi ngithobile. Futhi isiphambano sasilula futhi imithwalo yayilula." Futhi sikhulekela nje ukuthi Uzobonakalisa lokho kulowo nalowo kulobubusuku. Uma ngenhlanhla kungabakhona abanye lapha abangakwazi Wena, kwangathi bangeza kulobubusuku futhi bemukele Wena. Siza amaKristu njengoba eqhubeka. Busisa lamaculo, kulobubusuku, avela ku—abantu abaculayo.

4 Futhi usisize emvuselelweni ezayo. Lobubusuku obuhlanu, Nkosi, siyazizwela lokho kungaba intando yaKho, ukuthi singanikela lobubusuku enkonzweni, ngaphambi nje kokuba sigubhe ukuvuka okukhulu; nokubethelwa, ukuvuka kweNkosi yethu.

5 Yiba nathi manje. Woza eZwini laKho, Nkosi, futhi usikhonze, futhi sengathi singaba nenhlanganyelo ngaseZwini, ngoMoya kaNkulunkulu. EGameni likaKristu siyakhuleka. Amen.

6 Kuyinhlanhla enjalo ukuzama ukuma phambi komuntu oyedwa, ukukhuluma ngeNkosi uJesu. Futhi ngiqaphelile, enkonzweni yami, akunandaba nje kuNkulunkulu, noma ngabe kukhona ishumi nambili, noma kukhona izinkulungwane. UnoMlayezo ofanayo ngaso sonke isikhathi wabantu, okungumusa waKhe.

7 Indaba yethu kulobubusuku, iqala emuva ngesinye sezilungiselelo ezinhle kakhulu zomBhalo. Ngicabanga ukuthi wonke umBhalo uphelele nje. Alikho iphutha elingatholwa eZwini likaNkulunkulu. Liphelele nje. Kodwa, indikimba esiyicubungulayo, ingezinye zezindikimba ezigqamile zomBhalo. Ngenye yezimpawu zobuMesiya baKhe.

8 Uyazi, abantu bangeza kulomhlaba, futhi bangenza zonke izinhlobo zezinkulumo nazo zonke izinhlobo zezithembiso,

kodwa uma bengakwazi ukufeza lezo zithembiso, ngani, izithembiso zabo azisizi ngalutho kakhulu. Kodwa uma umuntu efika futhi engenza isithembiso, bese-ke ekwazi ukugcwalisa lesosithembiso, lokho kwenza izwi lakhe libe lihle.

9 Futhi Wayenguye yedwa uMuntu owake waphila emhlabeni, ongenza lesisitatimende, "Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi phansi, futhi Nginamandla okukuphakamisa futhi."

10 Ngibe nenhlanhla enkonzweni yami, yokuma ngasethuneni labasunguli abaningi abakhulu benkolo, abasunguli abakhulu abanjengoMohamede nabaningi bezinye izinkolo ezivelele zezwe. Kodwa ngamunye wabo unendawo ephawuliwe lapho umsunguli wabo afela khona, futhi wangcwatshwa, futhi ulele lapho kuze kube yilolu suku.

11 Futhi okwamanje, ngokwemvelo, angikaze ngibe nenhlanhla yokuma ngasethuneni elivulekile lapho uKristu abekwa khona, nethuna lalingenakuMbamba. Ngokuba nguYe Owathi, "Ngibeka ukuphila kwaMi phansi; akakho ongakwemuka kiMi. Ngiyakubeka phansi futhi Ngiyakuphakamisa futhi."

12 Futhi ukuphela kwenkolo emhlabeni engafakazelwa ukuthi iqinisile, yinkolo yobuKristu. INkosi yethu, Ayigcinanga nje ngokufela abantu baYo, kodwa Yabuye yavuka ngenxa yokulungisiswa kwabo. Futhi Yenyukele Phezulu, kulobubusuku, futhi ihlezi esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu. NoMoya waYo uhlala eBandleni laYo, nabantu baYo, yenza zona kanye izinto ezifanayo Eyazenza ngenkathi Yayilapha emhlabeni; iqhuba inkonzo yaYo.

13 Futhi emva kwalokhukusa, uMoya oNgcwele kahle kakhulu wehla futhi usigeza ebuhleni baKhe obukhulu, ngavele ngaphefumulelwa ukuba ngiwakhulume lawo mazwi futhi ngisho, ukuthi, ngolunye usuku olukhazimulayo lapho zonke iziphiwo ezisebandleni ziyovele zibekelwe eceleni, endaweni yokubasela, njengoba kwakunjalo. NoMoya oNgcwele, qobo lwaKhe, uzovele nje uthathe iBandla ekulawulweni okunjalo, kothando lobuNkulunkulu, kuze kube yilapho abagulayo bezophulukiswa, izimpumputhe zizobona, izinyonga zizohamba, ngaphandle kokubekwa izandla phezu kwazo. Kuzoba ubunye obukhulu nje.

14 Futhi ngenkathi sima kulokhu ukusa, onyakeni nasesikhathini esikuso, futhi sayibona leyondoda ihamba . . . noma yaqukulwa lapha igobise ikhanda layo phakathi kwamadolo ayo, futhi inesimo somgogodla esasiyigobise kanje, futhi sayidonsela phansi. Futhi ngisahlezi lapho, yaqala ukuyendezela iyemuva naphambili, kuleyo emuva.

15 Khona-ke ukubona leyondoda ibuyela emuva futhi ihlale phansi, emva kokudlula emgqeni womkhuleko, nokwazi ukuthi yenze isitatimende, futhi yathi, iminyaka eminingi, yayilukhuni ngempela ukuzwa ezindlebeni zayo, nokubona iNkosi uJesu

ivula lezozindlebe ngokuphelele, yaze yezwa nokunyenyeza okuncane kakhulu. Ibuyela emuva futhi ihlala phansi ibeke izandla ezindlebeni zayo ikhala. Usomabhizinisi; indoda eyayishayele amakhulu amamayela ukuze ifike lapha.

16 Khona-ke, emva kwalokho, emsamo, ubufakazi balabobantwana beza lapha, abantu ababekade besesimweni esibucayi, kuzo zonke izinhlobo zezifo, abavela ezweni lonke, benikeza ubufakazi bezimo zabo, nokuthi babebulawa kanjani umdlavuza nezinto ezehlukene. Futhi nampa, ngokwejwayelekile, bephulukisiwe. Lokho kungokunye nje kokuqinisekisa kobuMesiya baKhe obuqhubekayo.

17 Kungukuqinisekisa ukuthi ubuKristu buyiQiniso. Ayikho enye inkolo eyiQiniso ngaphandle kobuKristu. Futhi kuyiQiniso. UKristu uyiQiniso. Futhi Yena . . . Inkolo kaKristu ayifanga kanye noKristu. Ngahle ukuthi yafa kanye naYe, kodwa yavuka naYe, futhi. Futhi Yena, kulobubusuku, usabufakazela ubuMesiya baKhe obukhulu.

18 Siyafundiswa, encwadini ethize encane engangiyifunda esikhathini esithile esedlule, ebizwa ngokuthi, *The Prince of the House of David*. Ngikholwa ukuthi yabhalwa indoda ebizwa ngokuthi u-Ingraham. Futhi kucatshangwa ukuthi nguye, ingxenye yayo, qiniso, futhi ikhishwe komunye umbhalo wesandla omdala, embhalweni wesandla wesikhumba kusukela eminyakeni eminingi, eminingi emuva. Ukuthi, kwakukhona umJuda osemusha, ePalestine, ngesikhathi esifanayo uJesu wayelapho. Futhi yena, ebhalela uyise e-Alexandria, wayegcina ukuxhumana noyise, mayelana noJohane umBhaphathizi noJesu owazibiza ngokuthi "uMesiya." Futhi phakathi lapho unikeza isithombe esihle sokuhleleka kwethu kulobubusuku.

19 Washo ukuthi uMarta noMariya noLazaru babengabangane besifuba bakaJesu. Ukuthi, emva kokufa kukaJosefa, ukuthi bahamba . . . Uza ukuzohlala nabo, futhi abe nabo. ULazaru wayefunda ukuba umbhali ethempelini. Futhi uMarta noMariya nabo babe . . . Babengenababa nomama. Ngakho-ke, benza uhlobo lwezindwangu ezelukwe kwavela umfanekiso kuzo zethempeli, izindwangu ezincane nezinto, umsebenzi wokuthunga, futhi lokho kwabanika okuthile okumele bakwenze. Futhi uJesu ufika ukuzohlala nabo, ngaphambi kokuba Aze Azazise ukuthi WayenguMesiya.

20 Futhi uLazaru wayekade esezansi emfuleni, ukuyozwa intshumayelo kaJohane. Ngakho-ke wabuya futhi wabatshela ukuthi umprofethi omkhulu owayephume eGalile, evela ehlane, nalokho ayekumemezela, ukuthi ukufika kukaMesiya kwase kuseduze. Futhi uLazaru wayengazi nakancane ukuthi Yena impela ayekhuluma naye kwakunguMesiya, qobo lwaKhe.

21 Futhi ngolunye usuku wancenga uJesu, njengoba kwakunjalo, ukuba ehle naye, ukuze ezwe lomprofethi

eshumayela. Futhi uJohane, ezansi lapho, engagqokile ngamazwi akhukhumele; umuntu nje owaziwayo ojwayelekile, engagqokile njengomphristi omkhulu.

22 Ngokuba, uNkulunkulu akahlali endleleni esigqoka ngayo. UNkulunkulu akanandaba ngakho kakhulu, inqobo nje uma sigqoka ngokuhloniphekile futhi sibukeka kahle. Akudingekile ukuthi ube nokhololo wakho uphendulelwe, noma ugqoke umshuqulo wamadoda ekhanda lakho. UNkulunkulu ufuna ube nenhliziyo ethobekile, ezithobayo. Yilokho uNkulunkulu akufunayo.

23 Futhi njengoba ebona uJesu eza noJohane, embhaphathizweni wakhe, uJohane waphenduka futhi wabheka, futhi wathi, "Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe."

24 Futhi lapho uJesu ebhaphathizwa nguJohane, bathi kamuva Wabuyela ekhaya likaLazaru noMarta. Futhi njengoba Ehlala lapho, edla etafuleni labo, walala emibhedeni yabo lapho eBethaniya. Futhi ngolunye usuku, uNkulunkulu wakhuluma noJesu futhi waMtshela, "Ngifuna Usuke kulendawo, futhi uye lapho eNgizoKukhombisa khona."

25 Manje, siyazi ukuthi iBhayibheli lathi, kuJohane oNgcwele 5:19, UJesu wathi, "Angenzi lutho ngaphandle kokuthi uBaba aNgibonise kuqala ukuthi ngenzeni."

26 Futhi manje uNkulunkulu wayefanele aMkhombise, khona-ke, ukuthi enzeni, kungenjalo Wayengeke asuke eBethaniya. Ngakho Waphuma, cishe uhambo lwezinsuku, noma ezimbili.

27 Futhi masinyane, uLazaru wagula, futhi bathumela ukuba kubizwe uJesu. Kodwa, esikhundleni sokuza, uJesu wavele wakushaya indiva ukubizwa.

28 Manje bekungeke yini kukwenze uzizwe uxakile uma umelusi enze lokho na? Kuzokwenza uzizwe sengathi, "Awu, akanandaba nathi."

29 Kodwa, o, uma nje ungama umzuzu, ukukhumbula lokhu, ukuthi, "Zonke izinto zisebenzelana kube ngokuhle kulabo abathanda uNkulunkulu." Akukho lutho emhlabeni olungahamba kabi, inqobo nje uma ukuNkulunkulu. "Izinyathelo zolungileyo ziqiniswa yiNkosi."

30 Futhi khona-ke bathumela futhi kuJesu. Futhi Yena, ngokusobala, wakushaya indiva ukubiza kwabo futhi waqhubeka nje. Ngemva kokuba sekwedlule izinsuku ezine, Wathi, "Umngane wethu, uLazaru, ulele, futhi ngenxa yenu ngiyajabula ngokuthi beNgingekho." Ngokuba, ukuba Wayekhona, babeyozama ukuMthola ukuba enze into okwakungeyona intando kaNkulunkulu.

31 O, ngingama kanjani lapha umzuzu! Ukuthi kanjani, izikhathi eziningi, ngezinhloso ezinhle, abantu bazama ukubiza

abantu baphume entandweni kaNkulunkulu. Indoda kufanele ilwazi ubizo lwayo oluphelele. Kufanele wazi ukuthi wenzani, futhi hhayi nje ngendlela emahlaphahlapha, noma uvumele imali ikudonse usuka kwenye indawo uye kwenye, noma ukuthandwa ngabantu kukwenze. Kungakhathaleki ukuthi uthandwa kangakanani ngabantu, ucebe kangakanani, ufanele ngaso sonke isikhathi uqale ufune uNkulunkulu, ukuze wazi icebo laKhe nentando yaKhe.

32 Manje, ngenkathi uLazaru egula, kwabonakala kuxakile ukuthi Wayengabuyeli emuva. Kodwa uJesu wathi, “Ngiyajabula ukuthi beNgingekho.”

33 Ngoba, bebeyoMncenga, bathi, “Manje, kungani Ungezi *ngapha* na? Kungani Ungenzi *lokhu*? Futhi kungani Ungamvusi na? Ubavusile abanye.” Kodwa, uJesu wayazi kangcono. UJesu wayazi ukuthi iyini intando kaBaba.

34 Futhi, o, kuyinhlanhla engaka okuyiyo, ukuthi singayazi intando kaBaba. Uma sizofuna uNkulunkulu, uNkulunkulu uyokwenza yaziwe intando yaKhe.

35 Ngingamane ngazi ukuthi bengisentandweni kaNkulunkulu, uma ngingakaze ngikhulume nomunye umuntu, kunokushumayela kubantu abayizinkulungwane eziyishumi njalo ebusuku, ngentando kaNkulunkulu. Ngingaqoka ukwazi intando kaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi kwakunguDavide owathi, “Ngingaqpla ukuba udomethe,” kwe . . . noma okuthile, “endlini yeNkosi yami kunokuhlala ematendeni nababi.”

36 Kuyinhlanhla engakanani, ukuthola indawo yethu futhi sihlale lapho. Akunandaba ukuthi udeveli uzamazama kanjani, akushoyo, nokuthi uklolodela kanjani, hlala uqondile entandweni kaNkulunkulu.

37 Qaphelani, khona-ke, ngenkathi uJesu ethi, “Manje, u— ufile.” Babecabanga ukuthi wayelele. Wathi, “Ufile. Futhi ngenxa yenu, Ngiyajabula ukuthi beNgingekho. Kodwa Ngiyomvusa.” O, he! Kwakungekhona, “Ngizohamba ngibone ukuthi Ngingakwazi yini; Ngizohamba futhi ngizame.” Kodwa, “Ngizohamba futhi ngimvuse.” Ngokuba, Wayazi, uNkulunkulu wayeMbonisile ngombono, ukuthi uLazaru wayezophuma kulelothuna. Futhi kwakungewona umsebenzi wokuqagela. O, uma uNkulunkulu engakwenza . . .

38 Noma nini lapho uNkulunkulu ekhombisa umbono walokho okuzokwenzeka, kuzoba ngaleyondlela impela, uma umbono uvela kuNkulunkulu. Kumele kube njalo! Bengingama kanjani lapha endikimbeni yami, futhi ngivele ngicaphune nje, amahora, izindaba engizaziyo.

39 Ngiye ezindabeni lapho ngingacabanga, “O Nkulunkulu, ngokuqinisekile Uzokwenza,” ngiphuma nje futhi ngizama nje ukuhlola ukholo lwami ngakho. Kodwa izikhathi eziningi akusebenzi.

40 Kodwa uma uNkulunkulu ekhombisa umbono, o, he, kuzomele kwenzeke nje. Angeke kwehluleke. Futhi ngenxa yokuthi Uyakwenza manje, kuwubufakazi obungenaphutha bokuthi UsenguMesiya, ukuthi ubuMesiya baKhe bubekwe uphawu ngezibonakaliso nezimangaliso zokuqinisekiswa kweZwi laKhe elibusisiweyo.

41 Bese kuthi-ke ukucabanga, ukuthi, uLazaru, ngenkathi egula. Akekho owaziyo ukuthi kuyini ukugula uze ube nakho ekhaya lakho uqobo. Futhi ngineqiniso ukuthi sonke, kulobubusuku, singazwelana noMarta noMariya. Ngendlela okuwukuphela kwakhe umenzi wesinkwa ababenaye, umfowabo, elele embhedeni egula. Futhi mhlawumbe odokotela base bemdelile. Sifundiswa ukuthi wafa ngokopha emaphashini, mhlawumbe isifo sofuba. Futhi wafa ngaleso simo. Futhi ngenkathi egula kakhulu, nodokotela wayesemdelile, wayesehluleka-ke uJesu ukuza kumngane waKhe.

42 Manje, leso kwakuyisikhathi esimnyama ngempela. Ungawacabanga lawo manenekazi amabili amahle ethumela ukuba uJesu eze, futhi Wenqaba ukukwenza na? Ngemva kokuba sebephumile esontweni futhi baphika inkolo endala yoMthetho, futhi babezihlukanisile nabanye abalingani bezwe; futhi babebeka ithemba labo lonke kuleNdoda, uKristu, Ababekholelwa ukuthi unguMesiya, uKristu; wabe-ke Esebabhekisela phansi!

43 O, sonke saba nalolo hlobo lwezehlakalo. Ngiyakhumbula ngenkathi ngiqala ukuphenduka, ukuthi abantu bakithi babecabanga kanjani ukuthi ngangilahlekelwe ingqondo yami. Awu, bathi, "Uma ugcina lolo hlobo lwenkolo, uzoba sesikhungweni sezinhlanya ezinsukwini ezimbalwa." Uke waba nento efanayo, yabantu abahlekisa ngawe, nabalingani bakho bethi uhambe ekugcineni okujulile. Kodwa inqobo nje uma ukukholwa kwakho kukuKristu, yonke into izophuma kahle. Ungalokothi ukhathazeke ngalokho. Futhi ngiyakhumbula ukuthi abantu banjani . . .

44 Ngangihlangana nomngane wami womfana, namantombazane amancane engangihamba nawo, ngihlangane nawo emgwaqeni. Futhi wathi, "Billy, usuphenduke umgingqiki ongcwele." Ngangingenandaba, ngokuba ngangazi ukuthi kukhona okuthile okwakwenzekile, okuthile okwenzekile.

45 Futhi, enhliziyweni yami, ngakukholwa ukuthi owangempela, uMoya oNgcwele wangoqobo. Iminyaka engamashumi amabili-nane isidlulile, futhi kugxilile okwehange nje lapho kulobubusuku. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kathathu—Umhl.] Nginokuzimisela okufanayo ukuMkhonza, njengoba ngenza ngobusuku bokuqala ngaMthembisa, kuleyondawo encane yezinkuni. Impela. Kukhona okubambile! Amahora obumnyama lifikile.

Izinhlekelele ifikile. Izindumalo ifikile. Ukufa kufikile. Kodwa, phambi kwakho konke, ngiphumula kulelo themba elihle ukuthi Wathi, "Ngingukuvuka nokuPhila; okholwa yiMi, ngaye sifile, nokho uyakuphila."

UKholo lwami alakhelwe kwilutho
Kunegazi likaJesu nokulunga;
Lapho konke okomphefumulo wami kuphela amandla,
Khona-ke Uyithemba lami lonke nokuhlala.

KuKristu, iDwala eliqinile, simile;
Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo. Impela!

46 O, kufanele ukuthi kwakuyisikhathi sobumnyama; lapho udokotela wabo esebahlulekisile, lapho umngane wabo esebahlulekisile, uLazaru manje wayefa. Futhi lwafika usuku lwesine, futhi wopha okokugcina, waya ukuba abe noNkulunkulu. Bamkhipha; bakhipha igazi emzimbeni wakhe, bafaka izinongo nesinongo ispikenadi emithanjeni yakhe, bamsonga ngendwangu base bemlalisa ethuneni. Futhi walala lapho, izinsuku ezine, efile. Umzimba wakhe wawunuka.

47 Manje, noma ubani uyazi ukuthi umzimba womuntu uba yizicucu cishe ngemva kwamahora angamashumi ayisikhombisa nambili.

48 Yingalesosizathu uJesu wayefanele avuke ngaphambi kokuba kuphele izinsuku ezintathu. Futhi amahora angamashumi ayisikhombisa-nambili, ukubola kuyangena.

49 Futhi uDavide, eBhayibhelini, wathi, iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kokuba uKristu azalwe, ngaphansi kokuphefumulelwa kukaMoya oNgcwele. Wathi, "Ngeke ngivumele oNgcwele waMi ukuthi abone ukubola, futhi ngeke ngishiye umphefumulo waKhe esihogweni."

50 Yingalesosizathu Athi, "Bhubhisa lo mzimba, futhi Ngizowuvusa phakathi kwezinsuku ezintathu." Wayazi ukuthi akukho kubola okuyongena. Kungakho Afa ngoLwesihlanu ntambama, futhi wavuka futhi ngeSonto ekuseni, yingoba Wayazi ukuthi akukho nelilodwa ingqamuzana lalowomzimba obusisekile elalingathintwa ukubola.

51 Ngokuba, iZwi likaNkulunkulu alinaphutha kakhulu. O, he! Uyaligcina iZwi laKhe, kuze kube sekupheleni. "Akayikuvuma Ongcwele waMi ukuthi abone ukubola, futhi Akayikushiya umphefumulo waKhe esihogweni." IZwi likaNkulunkulu elingenaphutha lalingenakuhluleka. Lapho kwakulele umzimba waKhe.

Impela, abantu bayabuza. Bathi, "Izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu?"

52 Kodwa, kwaba phakathi kwezinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, Washo. Wayazi ukuthi kwakungeke ngokuphelele kube izinsuku ezintathu nobusuku, ngoba ukubola kwakuzongena.

53 Ngakho, lapha kwakukhona uLazaru, kwase kudlule izinsuku ezine. Ikhala lase livele liwele ngaphakathi, ebusweni. Iminwe yayisivele iphendukile. Izimpethu zesikhumba zase ziqale ukuhuquzela emzimbeni wakhe futhi zidla inyama yakhe.

54 O, kufanele ukuthi kwakuyihora elimnyama kunawo wonke lowomndeni omncane owake walibona! Umngani wabo usehambile. Isonto labo; baxoshwa. Umfowabo wayefile. Futhi abantu babebaklolodela futhi bebahleka, njengoba lawomantombazanyana amabili ahlala ndawonye ekhaya, efake amaveli amnyama ebusweni bawo, njengomkhuba wasempumalanga. Behlezi lapho, bekhala izinyembezi futhi belila, ngokuhamba komfowabo. Nakho lapho babekhona.

55 Akekho ngaphandle kwalowo ohlala kulolo hlobo lwekhaya; akekho ngaphandle kwalabo abahlale eceleni kwabathandekayo babo! Siyazi, abaningi benu niyazi, ukuthi sihlala kanjani eduze kothandekayo wethu. Roy, ngiyakubona uhlezi eduze kwalowo mfanyana. Mfowethu Roberson, ngiyakubona wena noDadewethu Roberson nihlezi eceleni kukanina wakhe. O, nibaningi kangakanani! Ngiyazibona ngihlezi eceleni kwengane yami encane, engasekho, cishe enezinyanga eziyisishiyagalombili ubudala. Siyazi ukuthi ziyini lezo zinto. O, amahora amnyama kangakanani!

56 Kodwa kwakuyihora elimnyama kunawo wonke owake wabonwa yilowo mndeni omncane. Futhi cishe ngaleso sikhathi, uJesu uyafika enkundleni. Kungukuthi, ngokuvamile, yileyondlela Akwenza ngayo. Kusebumnyameni okwedlula bonke behora, bese-ke uJesu efika enkundleni.

57 Kwakusezansi le eBabiloni, ngokunye ukusa, eminyakeni eminingi edlule. Ngenkathi abantwana abathathu bamaHeberu, ababethathiwe ezansi lapho, abathunjiwe, besuka ezweni lakubo. Babedabukile ngoba babethunjiwe. Babedabukile ngoba yayingekho indawo yokukhonza. Kodwa babesaphila ngokweqiniso kuNkulunkulu. Kwase-ke kufika isigejane sabakhohlisi, futhi bedlulisa isimemezelo, ukuthi, “Noma ngubani ongeke akhothamele isithombe,” okwakuphambene nenkolo yabo, “wayeyophonswa esithandweni somlilo.” Futhi inkosi, inokuxabana kwayo okukhulu, yaphuma yathi, “Noma ubani ongeke asikhothamele lesi sithombe, umele angene kulesi sithando somlilo futhi ashiswe.” Manje, kwakukhona isikhathi sokuhlola.

58 Futhi kukhona njalo isikhathi sokuhlola. “Yonke indodana eza kuNkulunkulu, ifanele ihlolwe kuqala, ivivinywe.” O, ngiyakuthanda. O, angikubizi, kodwa, emva kokuba sekudlulile,

kuthela izithelo ezinhle zobumnene. Isikhathi sokuhlola, lapho umlilo ushisa! Ukuthi wonke umKristu, phakathi neminyaka, wedlula kanjani kulesosikhathi sokuhlola. Futhi iBhayibheli lathi, "Uma singeke sikumele lokho kuhlolwa, siba ngabantwana abangamavezandlebe, futhi hhayi abantwana bakaNkulunkulu." Ngakho, umntwana wangempela ngesikhathi sokuhlolwa, okwakuyikho lokhu, abahambi ngokubona. Amehlo abo enyama avaliwe ezintweni ezibazungezile. Bahamba kuphela ngokukholwa kweNkosi uJesu Kristu, ebuka eZwini laKhe, futhi ekholwa ukuthi Uyogcina lonke iZwi ngayo impela indlela Athi Uyokwenza ngayo. Isikhathi sokuhlola, izivivinyo!

59 Futhi siyabona, ngenkathi lesisikhathi sokuvivinywa sifika kulababantwana abathathu bamaHeberu, bazifakazela bethembekile. Bathi, "Ngeke sikhothamele isithombe." O, he!

60 Khona-ke, isimemezelo esikhulu esasisayiniwe, bahamba futhi babaqoqela ndawonye, futhi badonsa izandla zabo emva kwabo, futhi babahambisa babakhuphulela epulangweni elikhulu, umzila wezindiza, ukuwela esithandweni esasenze izibhakabhaka zibe bomvu ngokoqobo, ukushisa okuphindwe kasikhombisa kunalokho esake sabaswa. Futhi ngenkathi besanyuka lelipulangwe, bazi ukuthi enhliziyweni yabo, ababonanga ukuthi uNkulunkulu uyoke akwenze kanjani. Kodwa babazi ukuthi uNkulunkulu wayengakwenza. Kwakuyinhlanhla yabo ukuhamba ukuya ekufeni kwabo, njengoba kwakunjalo, ukugcina iZwi likaNkulunkulu.

61 Futhi lapho bekhuphukela lapho, mhlawumbe kwakuyihora elimnyama kunawo wonke abake balibona. Bebengenalo—nalo ikhaya abangaya kulo, kulo mhlaba. Babengabathunjwa. Babefana nezigqila nje. Babelethwe bevela ezweni lakubo lendabuko. Babengavunyelwe ukuya enkonzweni yasesidlangalaleni. Bakhonza izithombe kulelozwe; ngakho abakwazanga ukuya ekukhonzeni izithombe, futhi babengeke babe namalungelo ezwe labo lendabuko. Babengabathunjwa. Kodwa, into eyodwa, ungeke ubophe ikholwa kuNkulunkulu walo. Qhabo, awukwazi.

62 Futhi ngalokho kusa, lapho bekhuphukela lapho, bazi ukuthi babemi bodwa noNkulunkulu. Futhi lapho beqala ukwenza izinyathelo zabo, lapho bekhuphuka, mhlawumbe, ihora elimnyama kunawo wonke abake bafika kulo. Futhi ukushisa kwesithando kuqala ukuhamba ngokushesha ebusweni babo. Futhi njengoba benze isinyathelo sabo sokugcina sokuvalelisa kulo mhlaba, kwehlela kulesosithando somlilo, kwase-ke kufika uJesu ngalesosikhathi. Futhi Wehlela kulesosithando somlilo, edonsa isundu esihlahleni esihlala siluhlaza esivela eZulwini, futhi Waphephetha umlilo wasuka kubo.

63 Kwaze kwathi, ngemva kokusha, mhlawumbe ihora noma ngaphezulu, inkosi yakhandleka yase ithi, “Vula, futhi ake sibone ukuthi kwenzekeni.”

64 Futhi lapho bedonsela phansi isivalo esikhulu sesithando, nesivalo esikhulu sensimbi noma sethusi sawa, inkosi yabuka ngaphakathi. Yase ithi, “Bangaki esibafake lapho na?”

Wathi, “Sifake abathathu.”

65 Wathi, “Kunabane phakathi lapho. Futhi Oyedwa wabo ubukeka njengeNdodana kaNkulunkulu.”

66 Kungahle kufike izikhathi ezimnyama, ezishisayo, kungahle kufike izikhathi zokuhlola, kodwa uJesu uhlala esenkundleni uma nje sizoba neqiniso futhi sithembeke.

67 Kwakungowesifazane omncane ngesinye isikhathi, owayechithe yonke imali yakhe, kodokotela. Futhi wayethengise ipulazi, neqembu, mhlawumbe. Futhi konke ayenakho, wayekuthengisile; futhi ukunikeza odokotela, ukuzama ukuthola ukuphulukiswa. Akekho kubo owayengamsiza ngalutho. Futhi njengoba ehlezi yedwa, umzimba wakhe omncane wawubuthakathaka, ngoba wayelahlekelwa igazi iminyaka eminingi. Futhi akukho okwakubonakala kumsiza. Futhi lapho . . .

68 Wayezwile. Niyazi, “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi.” Wezwa ngaleyondlela ngapheseya kolunye uhlangothi lweGalile, kwakukhona umProfethi laphaya, Owayephulukisa abagulayo. Kodwa, wayengenayo imali yokuwela ichibi. Wayengakwazi ukugwedla isikebhe, ngokwakhe; wayebuthaka kakhulu. Futhi wayengenamali nhlobo yokukhokhela omunye umuntu, ngoba wayechithe yonke ayenayo, kodokotela, futhi wayelokhu emubi njengoba wayehlala enjalo.

69 Ngokunye ukusa, lapho esahlezi ngaphandle, njengoba singacabanga, egosini, neminwe yakhe emincane evevezelayo, uzama ukwenza ukukhilosha kancane noma ukunitha. Lapho ebuka phansi lapho, kwakunomsindo omncane owenzekayo ezansi ngasolwandle. Futhi isikebhe esincane safuqeleka phakathi kweminyezane, futhi kwenzeka ukuthi abuke. Futhi ngemva . . .

70 Wayehlezi lapho ecabanga, “Manje yonke imali yami isihambile. Ngizokwenzani ngokulandelayo na? Sithole . . . mhlawumbe akhishwe ekhaya. Imali mboleko yendlu isikuthathile lokho. Asinakho ngisho nokudla esingakudla, futhi akukho okunye. Futhi angikwazi ukuthola impumuzo.” Cishe kwakuyihora elimnyama kunawo wonke ake awabona.

71 Futhi cishe ngaleso sikhathi, isikebhe esincane safuqeleka ngaphakathi, futhi uJesu weza. Wehlela emfuleni, nomzimba wakhe omncane, ovevezelayo.

72 Futhi khumbulani nje, ngoba uJesu uyeza, wonke udeveli esihogweni uyozama ukukuqhelisa kuYe. Kunjalo. Ungahle uzwe uMlayezo, kodwa udeveli uyohlala ehlombe lakho ngqo, futhi athi, "Ungalaleli. Ungalaleli. Ungalaleli." Kodwa ungamkholwa.

73 Wathi, "Noma ngubani othandayo, angeza futhi aphuze emanzini okuPhila, ngesihle."

Ningamlaleli, ngokuba ungudeveli.

74 Futhi wesifazane omncane wehlela lapho uJesu ayekhuphukela khona, nabantu bebuthene ngakuYe, abampofu, nokunye nokunye.

75 Futhi nakho kwakumi umpristi nabo bonke a—abaholi abakhulu benkolo yakhe. Futhi babehlekisa ngaYe, futhi bathi, "Eyi, NguWe Ophulukisa abagulayo, unguYe na? Awu, sinenqwaba yabagulayo. Ake siKubone ubaphulukisa. Awu, NguWe Ovusa abafileyo, unguYe na? Sinendawo yamathuna egcwele phama lapha. Ake sibone Ubavusa."

76 Akazange ngisho anake nakancane kubo. Wavele wahamba waqhubeka. Wayenento eyodwa okumele ayenze, kwakuyinto uNkulunkulu amkhombise yona ukuthi ayenze. [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kanyekanye—Umhl.] Akukho okuncane noma akukho okukhulu!

77 Uma umKristu efika kuleyondawo, lapho ayobeka khona eceleni futhi engalaleli wonke amahlazo nezinto ezishiwo, nakho konke okuqhubekayo; futhi abe nenjongo eyodwa, ewukwenza intando kaNkulunkulu, leyo uNkulunkulu akuthumele ukuba uyenze, kuzoba nosuku oluhlukile nebandla elehlukile.

78 Nangu lapha wehlela kulesi sixuku. NoJesu wayehambasana naye, ekuhambeni kwaKhe okunensayo, okuzinzile.

79 Futhi abantu babegijimela kuYe, futhi bethi, "Ngabe Wena ungumProfethi na? Ngabe Wena uyi*lokhu* na? Ngabe Wena uyi*lokho* na? Awusho, kuthiwani ngokuza lapha futhi ungenzele okuthile na? Ake ngibone Wena wenza isimangaliso. Singathanda ukubona Wena uguqula amanzi abe yiwayini; nanku ujeke ogcwele wona. Ngingathanda ukuba nalo. Bathi kwakuyiwayini elimnandi. Yenza *leli* wayini. Ake ngibone ukuthi linambitheka kanjani."

80 Akazange aphakamise ngisho ikhanda laKhe. Waqhubeka nokuhamba nje. Lokho kungenza ngiMthande.

81 Uyazi, kuthatha abantu abancanyanyana ukuqophisana nokuphikisana. Indoda enkulu ayinaki lutho olunjalo. AmaKristu awaqapheli ukuthi izwe lithini, uma efuna ukusho noma yini ayifunayo. Bane . . . Bakhulu kakhulu ukuqaphela lezo zinto ezincanyana. Bayaqhubeka nje, beqhubeka nje.

82 Owesifazane omncane wacabanga, "Manje, yihora kuphela engiyoke ngiMbone ngalo; ithuba lami lokugcina. Ithuba

kuphela engake ngaba nalo. Futhi ngiyakholwa ngempela, uma nje bengingathinta ingubo yaleyoNdoda, bengingasindiswa." Ukukholwa okungaka pho! Isikhathi esingaka pho!

83 Futhi, lapha, njengoba isixuku sizama ukumvimba, uguqa ngamadolo, ngandlela thize, futhi ukhasa phakathi kwazo lezo sixuku, waze wathinta ingubo yaKhe. Futhi wahamba wabuyela emuva wase ema esixukwini.

UJesu waphenduka wayesethi, "Ngubani oNgithintile na?"

84 Ngani, isixuku sathi, "Ngani, akekho oKuthintile." Wonke umuntu wakuphika.

85 Futhi uPetru waMkhuza. Wathi, "Nkosi, wonke umuntu ubelokhu egudlana naWe."

Wathi, "Kodwa ngiyabona ukuthi amandla aphumile kiMi."

86 Futhi Waqalaza Waze Wamthola. Futhi Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

87 Ihora lakhe elimnyama kunawo onke. Futhi iBhayibheli lasho, ukuthi, "Wezwa ngaphakathi kuye, ukuthi amahloni . . . umopho usunqamukile."

88 Bekungeyona yini iNkosi uJesu efanayo lapha kulokhu ukusa na? Endodeni ehlezi lapho, enomdlavuza osudlondlobele, yaze yona . . . Udokotela wathi, "Angaphila isikhashana nje." Futhi lapho idlula ngase-altare, ehoreni elimnyama kunawo wonke eke yalibona, futhi imizuzu eyishumi nanhlanu yama emuva lapho. Futhi kwadingeka ize lapha futhi ithi, "Wonke umuzwa osindayo ususukile kimi." Ihora elimnyama kunawo wonke, khona-ke uJesu uyafika.

89 UMfowethu Burns ehlezi lapho, ngenkathi . . . Umlingani wakhe omncane othandekayo oseNkazimulweni, kulobubusuku. Kwakunjani, wayelele lapho, esibhedlela lapha eLouisville, enomdlavuza obendeni. Nodokotela babemdela. Futhi uMfowethu Wood nami sasiphandle e—ehlathini, ukuzingela ingwejeje. Futhi siyangena, futhi kukhona okwangiphoqelela ukuba ngiye eLouisville. Ngani? Angazi.

90 Futhi ngathi, "Mfowethu Wood, shayela ngqo ngasekhoneni, ngizongena kwaSutcliff. Futhi lapho ubuya, ungangilanda." Ngalinda ngalinda. Angizange ngimthole ndawo. Futhi emva kwesikhashana, ngambona ejika kwelinye ikhona, futhi edlula emgwaqeni, ecabanga ukuthi ekaSutcliff kwakungomunye umgwaqo phezulu. Ukube lo mlisa ubeyobheka kuphela nje, ubezobona ukuthi kwaSutcliff kwakungekho lapho. Futhi usebenzelana nabakwaSutcliff. Yena uyazi ukuthi indawo ikuphi.

91 Kodwa uDadewethu uBurns omncane, ophumule noNkulunkulu, kulobubusuku, wayemi ekhaya lakhe; wathatha lesosithombe esincane neNgelosi yeNkosi phezu kwaso,

wayeseguqa phambi kwaso futhi wathi, "O Nkulunkulu, ngisize ngithole uMfowethu Branham ngomyeni wami othandekayo."

92 Futhi wehlela edolobheni ukuyokhokha isikweletu sikagesi, engazi ukuthi ngangikuphi kulo mhlaba obanzi. Futhi uyeza. Ngalinda isikhathi esingaphezu kwesigamu sehora. Futhi ngangilokhu ngibona ithrakhi lidlula kwelinye ikhona. Ngathi, "Ulahlekile. Kufanele ngenyukele lapho." Futhi lapho nje ngifika ekhoneni, futhi weza ekhoneni, ukuba ngingene ethrakhini, futhi cishe ngaleso sikhathi, uDadewethu Burns ufika ekhoneni.

93 Futhi lapho, ngomkhuleko wokukholwa, uNkulunkulu wamphulukisa umyeni wakhe. Futhi nanguya ehlezi kulobubusuku. Kwakusebumnyameni obubedlula bonke behora, bese kuthi-ke uJesu uyafika.

94 Sicabanga nje ukuthi silahlekile futhi sishiyiwe. Futhi lapho uthola umuzwa . . . Qhubeka nje ubambelele. Uzoba lapho. Ungakhathazeki.

95 Kwakuyihora elimnyama kunawo wonke uGeorgie Carter omncane ake walibona, ezansi lapho eMilltown. Wayesonta ebandleni elalingakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. Baklolodela futhi bahlekisa ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Futhi lapho lowo wesifazane omncane elele kulesosimo. Futhi iNkosi yakhuluma kimi phansi lapha embhedeni, futhi yathi, "Yehlela eMilltown." Ngangingakaze ngizwe ngendawo.

96 Ngiza kuwo kanye lomsamo, futhi ngathi, "INkosi ingithume endaweni ebizwa ngeMilltown. Kukhona iwundlu elincane elihhukeke emahlathini, futhi likhalela usizo." Akekho owayazi ukuthi yayikuphi.

97 NoMfowethu George Wright, ubelapha kulokhu ukusa, wathi, "Ngiyazi ukuthi ikuphi. Ingaphansi nje kwendawo yami." Ngehla ngoMgqibelo olandelayo. Ngabheka yonke indawo, ngase ngiqala umhlangano ebandleni elidala leBaptisti.

98 Kwase kuthi-ke uMnu. Hall wangihola ngalapho ukuba ngikhulekele lentombazanyana, futhi ngayikhulekela. Abantu bakubo baphuma endlini. Babengafuni kuzihlanganisa nalutho ngakho, ngoba ibandla labo lalibatshelile, "Noma yibaphi abantu," owangena emhlanganweni wami, "uzoxoshwa esontweni." Nakho la wayelele khona, iminyaka eyisishiyagalolunye nezinyanga eziyisishiyagalombili, ethe cababa ngomhlane, engakwazi ngisho nokunyakaza. Wayekhalile. Wayekhulekile. Kuze kube, ungahamba, kuze kube yilolu suku, futhi ubuke. Umbhede wakheo omncane, wayehlikihle wonke u—upende wasuka ngemuva kwawo, ekhala kuNkulunkulu, ukuba enze okuthize. Futhi nokho, ibandla lakhe elibandayo, elihlelekile elingenandaba lalingakholelwa

ekuphiliseni kukaNkulunkulu futhi lingala noma ubani ukuba eze amkhulekele ngaleyondlela.

99 Lapho ubaba wakhe wayeyidikoni, noma okuthize, ebandleni. Umama wakhe nabo, izinsika ezinkulu ebandleni. Futhi lapho benqatshwa; wonke amathemba ayengasekho. Odokotela bayamdela, eminyakeni emihlanu ngaphambili. Wayenesisindo esingamaphawundi cishe angamashumi amathathu nesikhombisa kuphela; lutho ngaphandle kwamathambo. Imilenze yakhe emincane yayibukeka njengezinti zomshanelo. Futhi lapho wayelele engenalutho ngaphandle kwesikhumba phezu kwethambo.

100 Ngolunye usuku, ngehlela lapho... Nonina wagijima; ubabayi wakhe wahamba ekhaya. Babengahlanganise lutho nalowomshisekeli. Futhi ngolunye usuku, wangena ukuyomkhulekela, Ngathi, "Ntombazanyana, ungavuma yini ukusukuma futhi ubhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu, ukugeza izono zenu, futhi niMkhonze na?"

101 Kwadingeka ngisondele ukuze ngizwe ukuthi uthini. Wathi, "Ngizokwenza noma yini." Ngabheka, ngilele phezu kowami... umbhede wakhe, futhi lapho kubekwe incwajana yami, ebizwa ngokuthi *UJesu Onguye Izolo, Namuhla, NaPhakade*. Ngamkhulekela, kwakubonakala sengathi akusizanga ngalutho.

102 Amaviki amabili ngabamba umhlangano. Ngenyukela ukuyobhaphathiza enhla eTotten Ford. Futhi ngalolosuku umhlangano wawuphela, ngalobobusuku. Futhi ngenkathi ngisabhaphathiza...

103 Kwakukhona omunye umfundisi phezulu lapho owahlekisa futhi waklolodela yona kanye imicabango yombhaphathizo wamanzi, nokusebenzisa iGama leNkosi uJesu Kristu. Wathi, "Uma omunye wabantu bami ohlezi ngaphansi kwaleli tende, wayekade eseduze nendoda, phuma lapha manje. Angifuni kuzihlanganisa ngalutho ngabo." Futhi kwenzeka ukuthi uMnu. Wright wayehlezi lapho, futhi wasukuma wase ephuma. Futhi ngalo kanye iSonto elilandelayo... Angikaze ngiwuvule umlomo wami futhi ngasho igama ngendoda.

104 Futhi ngenyukela lapho, endaweni engizoba kuyo... ukubhaphathiza enhla lapho eTotten Ford. Futhi ngenkathi ngiphumela emanzini, nakho kumi abantu bevela emvuselelweni yakhe, bemi osebeni, ukuhlekisa ngami ngibhaphathiza eGameni leNkosi uJesu. Futhi ngenkathi ngiphumela emanzini, cishe ngaleso sikhathi uJesu wafika.

105 Nakhu kuza ibandla lakhe lonke, nezingubo zabo ezinhle, ngigxambuza kulawo manzi anodaka, ngimemeza, "UNkulunkulu abe nomusa kimi!" Futhi ngababhaphathiza bonke eGameni likaJesu Kristu, khona lapho kulowomgodi wamanzi.

106 Ngikhuphukela kwaMfowethu George. Futhi uMfowethu George wathi, “Mfowethu Branham, woza esidlweni sakusihlwa emizuzwini embalwa.”

107 Ngathi, “Kufanele ngikhuleke.” Ngaya ngale emahlathini, futhi angikwazanga ukukhuleka, lapha nalaphaya. Futhi kungazelelwe, lapho sekucishe kube mnyama impela, ngabheka, futhi kwakukhona ukuKhanya kukhanya phansi esihlahleni esincane se-dogwood, futhi wathi, “Sukuma ngezinyawo zakho, ezinyaweni zakho, futhi uhambe ngendlela yaseCarter.”

108 UGeorgie omncane elele lapho, ekhala, futhi ethi, “O, mama, ngizosala ngaphandle. Uzohamba namuhla, futhi ngeke ngisakwazi ukumbona.” Futhi leyo kwakuyinkonzo yokuvala, ngalobobusuku, yemvuselelo enkulu. Nanguya la wayekhona, namathemba onke engasekho, kwakubukeka kanjalo. Futhi ngaleso sikhathi, uJesu wafika.

109 Futhi lowo wesifazane omncane elele lapho, kuphela engamaphawundi angamashumi amathathu-nento ngesisindo. Ngenkathi ngingena lapho futhi ngambeka ngesandla, ngathi, “Dadewethu, iNkosi uJesu ibonakale kimi esikhashaneni esedlule, ngasohlangothini lwegquma lapho. Wathi woza lapha futhi ngikubeke izandla, ukuthi ungahle uphulukiswe.”

110 Lolo hlaka oluncane, olunamathambo olwalungazange luvuke embhedeni iminyaka eyisishiyagalolunye nezinyanga eziyisishiyagalombili [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] wema ngezinyawo zakhe wayesephuthuma ophiyanweni, wayeseqala ukudlala.

> Jesu, ngigcine eduze kwesiphambano,
> Kukhona umthombo oligugu,
> Ungesihle kubo bonke, umfudlana ophilisayo
> Lowo ogeleza uvela entabeni yaseKalvari.

111 Kwakuyihora elimnyama kunawo wonke uGeorgie ake alibona, kwase-ke kufika uJesu.

112 UKhongolose uWillie D. Upshaw, iminyaka engamashumi ayisithupha nesithupha esihlalweni esinamasondo, wadudulwa esuka ehholo lengqungquthela, eya endaweni ngendawo. Wayekhulekelwe, izikhathi ezingamakhulu. Wayeyisekela-mongameli leNhlangano yeBaptisti yaseningizimu, iSouthern Baptist. Indoda enkulu, indoda emangalisayo, indoda eyayingaba nguMongameli e-United States, ngo 1926, ukuba wayethengise ngobuzibulo bakhe. Kodwa, wayewuzonda ugologo. Futhi wagijima ngethikithi lokwenqatshelwa, lapho iqembu lamaDemocrat beliyomkhetha. Bathi babezokwenza, futhi babeyokwenza. Isizathu, wayengakwenza kalula. Wayethandwa kakhulu.

113 Kodwa wathi, “Bengingeke ngishintshisane ngobuzibulo bami, ukuba nguMongameli womhlaba.” Haleluya! UNkulunkulu usiphe amadoda anjalo, eHlala Mongameli lethu

lapha. Yebo, mnumzane. Wayezolala kanjani-ke njengesishosha na? Umhlane wakhe waphuka, kusukela eneminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala, futhi wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nesithupha.

114 Futhi ngobunye ubusuku, ngaleya, phambi kwamashumi ezinkulungwane zabantu, ngenkathi uRoy Davis emthumela phandle lapho. Futhi wamhambisa wangena ngesihlalo esinamasondo, emva kokuba uRoy emkhulekele, namakhulu abanye. Futhi angikaze ngizwe ngendoda, empilweni yami. Wayelapho-e, ehlezi emuva lapho, komunye umhlangano nje. Ngenyukela emsamo. Futhi cishe ngaleso sikhathi, ngabuka, futhi ngabona isitaki sotshani obomile, nomfanyana edlala. Lapho uMoya oNgcwele uqala ukwembula, Wamkhomba futhi wamtshela ukuthi wayengukhongolose, nokuthi uJesu Kristu wayemsindisile.

115 Lapho, yena, odinga ukunakekelwa, iminyaka engamashumi ayisithupha nesithupha esihlalweni esinamasondo, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nesithupha ubudala, ihora elimnyama kunawo wonke ake walibona. Wonke amathemba ayengasekho, ngokuphulukiswa kwakhe. [UMfowethu Branham ushaya izandla kanyekanye kanye—Umhl.] Wayesefika-ke uJesu. Nendoda, eyayikade isesihlalweni esinamasondo iminyaka engamashumi ayisithupha nesithupha, yasukuma yase igijimela emsamo, ineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha ubudala, futhi wathinta izinyawo zakhe, futhi wagxuma phansi-na-phezulu. Futhi wema emhlanganweni kaBilly Graham futhi wacula *Ngencike Ezingalweni ZaPhakade*, ezitebhisini zeHlala Mongameli. Ihora elimnyama kunawo onke, wayesefika-ke uJesu.

116 Kwakuyihora elimnyama kunawo wonke u-Abrahama alibona, lapho eseneminyaka eyikhulu ubudala, wayesefika-ke uJesu.

117 Ngobunye ubusuku ngemva kokushumayela isikhathi eside, Wathuma abafundi baKhe. Futhi bangena emkhunjini base sephuma ngaphandle kwaKhe. Futhi kubukeka sengathi, ukuthi, ngenkathi Ekwenzile, khona-ke ungaphandle phakathi olwandle, umkhumbi omncane wawukhona. Futhi kwaqhamuka isiphepho esincane. Futhi udeveli wathi, "Ngibasusile kuYe manje. Ngibasusile laba baginqiki abangcwele eNkosini yabo. Ngizobona ukuthi ungakanani uMlayezo abazowuyisa kuwo wonke umhlaba. Ngizobacwilisa bonke phandle lapho."

118 Ngakho-ke, nakho kuqhamuka isiphepho esikhulu. Udeveli waqala ukuthimula umoya wakhe, futhi isiphepho sakhuphuka. Nomkhumbi omncane waqala ukubhampa phansi naphezulu, *kanje*. Oseyili bavithizeka. Izigwedlo zaphuka. Umkhumbi wagcwala amanzi. Futhi kwakuyisikhathi esimnyama kunazo zonke. Akungabazeki ukuthi babebambene okhalweni, bekhala.

Bacabanga, "O, Ushonephi na? Kwenzekeni kuYe na? Kungani singalindanga futhi sihambe naYe na? Kungani singabanga naYe esikebheni na?"

119 Futhi izikhathi eziningi, ungahle ucabange into efanayo. Mngane wami, ungahle ukuba uhambe ngaphandle kwaKhe, kodwa, khumbula, Usakubhekile. Uyakwazi lapho okhona. Bangahle kube nenkathazo ekhaya lakho. Kungahle kube nenkathazo emphefumulweni wakho. Kungahle kube nenkathazo emzimbeni wakho. Noma ngabe kuyini, ungakhathazeki. Unamehlo aKhe kuwe. Ukubhekile.

120 Wakhwela phezu kwentaba. Wayebuka phandle lapho, futhi Wabona wonke amaqhinga udeveli ayewadlala. Haleluya!

121 Akakhwelanga nje kuphela, kodwa Wakhwela izindonga zaseKalvari; hhayi kuphela eKalvari, kodwa nezindonga zeNkazimulo. Futhi Uhlezi kulobubusuku, eBukhosini. Ubheka phansi emhlabeni. Akukho ngisho u—ukugobhoza okungeza emanzini ngaphandle (Yena) kungemvume yaKhe; ulwandle alukwazi ukunyakaza; iqabunga alikwazi ukunyakaza; inyoni ayikwazi ukundiza. [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kabili—Umhl.] O, malibongwe iGama leNkosi!

122 Ungaphezu kwayo yonke imibuso namandla. Umhlaba waMenzela igama eliphansi kunawo wonke elingalethwa; UNkulunkulu uMnika igama eliphakeme kunawo wonke angaphiwa. Umhlaba waMbeka phansi ngendlela ababengaMthola ngayo, ethuneni elinesono; kodwa uNkulunkulu waMphakamisa eKuphakameni okuphakeme kunakho konke. Uphakeme kakhulu aze Adingeke abheke phansi ukuze abone iZulu.

> Iso laKhe liphezu komzwilili,
> Futhi ngiyazi Uyangiqaphela.

123 Uyakuqaphela. Wazi yonke imicabango esengqondweni yakho. Wazi zonke izenzo ozenzayo. Wazi konke ngawe. Kunjalo.

124 Wena uthi, "Kodwa, ngihlubukile, Mfowethu Branham." Lokho akwenzi nomehluko omncane. Wazi kahle nje ukuthi uhlubukeleni. Yena wazi kahle nje ukuthi wena ukuphi. [UMfowethu Branham ungqongqotha kabili epulpiti—Umhl.]

125 Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ngihambe ngaphandle kwaKhe, futhi. Ngaba nethuba, ngesinye isikhathi, lokukhuluma. Ngaba nethuba, ngesinye isikhathi, uku—ukuba ngumKristu. Ngaba nethuba. Umshumayeli wangibiza, futhi ngangifanele ngabe ngahamba. Ngizamile kanye, kodwa ngehluleka. Ngenze *lokhu*, *lokho*." Kungakhathaleki ukuthi wenzeni, Usabeke iso laKhe kuwe.

126 Labo bafundi bahamba ngaphandle kwaKhe. Futhi ihora elimnyama kunawo wonke, ngenkathi lowodeveli ebasusa lapho, basuka eBukhoneni baKhe, waqala ukubahlasela.

127 Mhlawumbe yilokho akwenza kuwe kulobubusuku. Angahle akunike umdlavuza. Angahle akunike *lokhu*. Angahle akunike *lokho*. Angahle akunike ikhaya elilimele. Angahle akunike inhliziyo edabukile. Angahle akunike izinkathazo. Angahle akuphathise ngekhanda. Angazi ukuthi uzokwenzani. Kodwa kunento eyodwa engiyaziyo, ukuthi uNkulunkulu usabeke iso laKhe kuwe. Leli kungaba ihora lakho elimnyama kunawo onke. Angazi; uNkulunkulu uyakwenza.

128 Kodwa ngalelo hora elimnyama kunawo onke, lapho kwase kuthi abalungele ukushona phansi, wayesefika-ke uJesu esuka ehamba, emanzini, engathikamezekile nhlobo. Amagagasi amakhulu avele andlaleka phansi phambi kwaKhe, lapho Ehamba.

UPetru wathi, "Nkosi, uma kunguWe lowo, yisho ukuba ngize kuWe."

Wathi, "Woza. Phumela lapha."

129 "Celani, nizakwamukeliswa; funani, niyakufumana; ngqongqothani, nizovulelwa. Ngokuba yilowo nalowo ongqongqozayo, kuyakuvulwa; yilowo nalowo ofunayo, uyakufumana." Impela. Usabhekile. Futhi into exakile ngakho, ngenkathi labo bafundi bengenakuzisiza futhi bengenathemba, futhi lapho uJesu efika kubo, kwakuyinto kuphela eyayingabasiza, futhi babeMesaba. BabeMesaba.

130 Futhi ngithi namuhla, mngane, lapho izizwe sezehlulekile, lapho abantu sebehlulekile, lapho imiphakathi yehlulekile, lapho ibandla selehluleke, lapho konke okunye sekwehlulekile, kubukeka sengathi sesihambile ngokuphelele. Futhi impela noma ngasiphi isikhathi, noma iliphi ihora, ungezwa ukukhala, futhi ngeke ukwazi ukudlula ekukhaleni kuze kube yilapho umhlaba wonke uzobhujiswa. Ukumiswa okukodwa kwamabhomu kuyokwenza. Yilokho kuphela okufanele ukwenze, okukodwa nje. Akudingekile ukuba bahambe eMoscow. Bangahlala khona lapho bese beqathaza eyodwa kuFourth Street, eLouisville. Futhi singama khona lapha futhi siqathaze eyodwa eMoscow, futhi.

131 Futhi kuzoba yini uma le mikhumbi emikhulu ilele phandle olwandle kanje, ngamarokhethi aselungele khona kanye kulawo madolobha na? Enye ngalapha, iqeqeshwa nga*le*ndlela; nenye ngapha, iqeqeshwa nga*leyo*ndlela. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye, aphinde futhi—Umhl.] Eyokuqala iyathinta, lena izothinta ngaleyondlela.

132 Kuzokwenzekani na? Umuzi wakho uzokusiza ngani-ke na? Imali yakho izokusiza ngani-ke na? [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kabili—Umhl.] Umngane wakho womfana uzokusiza ngani, noma umngane wakho oyintombazane uzokusiza ngani na? Noma yini enye izokusiza ngani na?

Uma ungalungisene noNkulunkulu, usuhambile, isikhathi nePhakade.

133 Leli ihora elimnyama kunawo wonke umhlaba owake wabhekana nalo kusukela ekuqaleni kwesikhathi. Asikaze sibe khona isikhathi kuwo wonke umlando wezwe omnyama njengoba sinjalo manje.

134 Umdlavuza udlangile. Cabanga nje, lokho...Ngezwa isitatimende ngolunye usuku, okwaziswa ngamaphepha okunjena, "Ukuthi kuzofa abantu abaningi eMelika kulonyaka, ngenxa yokubhema osikilidi, ubanga umdlavuza, ozofa kulonyaka eMelika, kunalowo owabulawa eminyakeni emine yeMpi yaseKorea." Umdlavuza udlangile.

135 Izifo ziyenzeka, futhi yonke into iyenzeka. Awu, asazi ukuthi yini okufanele siyilindele. Odokotela abazi ukuthi bangazibiza ngani izifo, ngakho-ke bathi, "Zingamagciwane athathelanayo." Liyini igciwane elithathelanayo na? Buza udokotela. Yinto angazi lutho ngayo. Uvele athi nje, "Yigciwane elithathelanayo." Yilokho kuphela okukhona.

136 Kukhona izimbungulu ezindala namademoni endizayo, indoda engakaze izwe ngaphambili. Konke kusemnyakazweni. Konke, sizama ukukunqanda ngezinto zemvelo. Kodwa, lapho sizama ukwenza lokhu, kuveza enye into. Kunjalo. Uma unikeza indoda umjovo kazifo zonke nga*lokhu*, uzoqalisa enye into ethile. Unikeza *lokhu*, ku...

137 Usuvele uphumile endleleni. UNkulunkulu unendlela, singahle singene kuyo.

138 Amabandla asehlulekile. AmaPresbyterian ayehluleka. IMethodisti iyehluleka. IBaptisti iyehluleka. IPentecostal iyehluleka. IPilgrim Holiness iyehluleka. Ichurch of God iyehluleka. Thina siye sa, wonke umuntu, hlukela. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kasithupha—Umhl.] Kulungile. Awukwazi ukuthi, "NgiyiMethodisti," futhi wenze ngokuphepha. Ngeke uthi uyiBaptisti futhi wenze ngokuphepha; iMethodisti, noma iPresbyterian, noma ungaba yini, noma iPentecostal. Ungeke uthi uvikelekile, ungeyena owebandla, ngoba ibandla lehluleke ngokudabukisayo.

139 Ukugula kusekudlangeni okunjalo kuze kuba, ngiyakholwa, abahlanu kwabayisishiyagalombili, noma into enjalo, bazofa kulonyaka, ngomdlavuza. Cabanga ngakho. Futhi izifo zazo zonke izinhlobo, izifo ezintsha, nezinto equbukayo, lokho nje kubi kakhulu ukucabanga ngakho.

140 Izimoto ziyabulala. Futhi nsuku zonke, abantu bashayela behla ngomgwaqo bethukile kakhulu, futhi bedazuluka.

141 Ngani, bengihamba ngehla ngomgwaqo eLouisville, izolo, futhi owesifazane ubezongishaya angisuse emgwaqeni. Bengihamba *kanje*, nomkami ubenami, futhi ngezwa ukuthi

kukhona umuntu emva kwami. I—isixuku sasi nje...Futhi owesifazane obukeka eyisiwula, ebhema usikilidi, wathi, "Awu, manje, uma ungazi ukuthi yiluphi uhlangothi lomgwaqo ofuna ukuhamba kulo, suka emgwaqeni."

Ngathi, "Awu, nenekazi . . . "

Lathi, "Thula!" Nakho lapho okhona. Nakho lapho okhona.

142 Kuyini na? Ngukugulisŵa yimizwa. Kungokwengqondo. Futhi odokotela bathi abantu baseMelika abayisishagalolunye kwabayishumi banokukhubazeka kwengqondo. Ngisho nodokotela bengqondo, okufanele ngabe bangabahumushi bengqondo, bayadlanga futhi bayahlanya. Bawahhuka ngozankosi abakhulu, esikhungweni sezinhlanya.

143 Ukusangana kusemnyakazweni. Ukudlwengula kusemnyakazweni. Ugologo usemnyakazweni. Isono sisemnyakazweni. Isono sisemnyakazweni. Ayikho indlela yokukumisa. Ubukhomanisi bushanela njengesikhukhula. Ayikho indlela yokukumisa, ngoba bakuhulumeni nakwezinye izindawo.

144 O, kodwa, makabongwe uNkulunkulu! Kulelihora elimnyama kunawo onke, khona-ke nakhu kuza uJesu engena, nesandla saKhe eseluliweyo, futhi ebonisa izibonakaliso nezimangaliso, futhi enika abantu insindiso nesihawu. Ihora elimnyama kunawo wonke izwe elake lalibona! Lapho, idwala laseGibraltar liyoqhuma libe yizicucu, ngolunye usuku. Kodwa, iDwala leminyaka liyoma phakade, njengesikhumbuzo sovuko, uKristu.

145 UNkulunkulu anibusise bantu! UNkulunkulu anibusise, bantwana! Ungahle ube mpofu. Ungahle ungazi ukuthi ukudla okulandelayo kuvelaphi. Kodwa, kukhona into eyodwa, wamukelekile nje eMthonjeni wokuPhila kulobubusuku, njengomuntu ocebe kunabo bonke emhlabeni. Uza ngaphandle kwemali, ngaphandle kwentengo. Kuvulekele noma ngubani othandayo.

146 Yihora elimnyama kunawo wonke umndeni owake walibona. Bheka imindeni ehlakazekile. Ziningi izehlukaniso eMelika, iyodwa, kunokuba zikhona wonke umhlaba uhlanganiswa ndawonye. Isehlukaniso sisekudlangeni. Buye kuphi ukwethembeka nobu—ubuqotho nobufazane babesifazane bethu baseMelika na? Bheka amadoda, futhi konke abakwenzayo ijubane emigwaqweni, bezama ukushaya yonke into isuke endleleni yabo, bangakwazi, behle, futhi baphuze ubhiya ngaphambi kokuba baye ekhaya.

147 Bukani amantombazane ethu ayinjejane ehla nesitaladi, osikilidi ezandleni zawo. Futhi kungakhathaleki kakhulu ukuthi isayensi yezokwelapha ibeka isixwayiso esingakanani, "Umdlavuza! Umdlavuza!" Abanandaba. Abanandaba. Bayobaphafuza khona lapho, noma kanjani.

148 Umshumayeli angama futhi ashumayele izibani zakhe zasemini zicime, futhi abatshele ukuthi akulungile, futhi bazothi, "O, wena oshisekelayo omdala." Umhlaba usulungele ukwahlulelwa, futhi sizokwemukela. Phawula izwi lami, ngeke kuthathe isikhathi eside kakhulu kuze kube khona okuzokwenzeka.

149 Ngenkathi ngibona lemvuselelo, ishanelwa ngomzuzwana. Idlulile. Futhi ngimi lapho, leyoNkanyezi yoKusa yalenga phansi emfuleni, eminyakeni engamashumi amabili-nento edlule, ngenkathi Ethi, "UMlayezo uzoshanela umhlaba." Futhi kube nemfashini endala, ukuthululwa kukaMoya oNgcwele kwePentecostal, nemililo yemvuselelo nezinkonzo zokuphulukisa kusingathe imbulunga yonke.

150 Benza amaphutha amaningi. Ukubhala kwephephandaba lapha, kungekudala, eMcCrall, noma, kwaMcCall, ngenkathi leyondoda isongela umhlangano wami phezulu lapho eMinneapolis, abanye babo, UMnu. Peterson nabo, beza bengitshela ukuthi wayesemhlanganweni. Ngathi, "Akungabazeki nhlobo. Kodwa awukaze uhlolisise kahle izindatshana zakho. Uthe u-A. A. Allen ubhale leyo ncwadi. Futhi u-A. A. Allen wayengahlanganise lutho nakho. Manje-ke, uma lokho bekuyiphutha elinjalo, ngikholwa ukuthi konke okunye kuyiphutha eliningi." Ngathi, "Ngempela, abazalwane bangahle bafanelwe ukugxekwa okuningi. Benza amaphutha amaningi. Lokho kulungile. Kodwa, mfowethu, ngingaqoka ukutholakala enkundleni yempi, ngenza amaphutha, kunokuba ube ngumgxeki womuntu ozama ukuthola imiphefumulo isindisiwe kuNkulunkulu." Wenzani ngakho na?

151 Malibongwe iGama leNkosi uNkulunkulu! AMandla eNkosi uJesu Kristu anele ngokufanayo nje kulobubusuku. Yilona lodwa iDwala. Yilona lodwa ithemba. Yikhona kodwa ukuKholwa. Futhi uKristu uLethule kuwe.

152 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . futhi uphile, noma ufulathele futhi ufe. Yihora elimnyama kunawo wonke izwe elake lalibona. Kodwa uJesu usefikile, futhi Ulapha manje. Izibusiso zakhe sivulekile. Uhlangothi lwaKhe lugwaziwe. Izandla zaKhe ziyafinyelela. "Futhi noma ubani othandayo, angeza futhi aphuze emithonjeni yokuPhila, ngesihle." Uyazikhethela. Indawo yakho yaPhakade izoba—izosekeleka esimweni sakho sokuzophatha kuJesu Kristu. Leli kungahle kube yithuba lakho lokugcina.

153 Futhi uma sikhothamisa amakhanda ethu manje okwezwi lomkhuleko nje, ngizocela udade ukuba eze opiyaneni.

154 Futhi ngenkathi wonke umuntu esemkhulekweni, ngifuna nikucabangisise. Ungaya kuphi kulobubusuku na? Kuyokwenzekani kulobubusuku uma uhlaselwa yinhliziyo na?

Leli kungenzeka kube yithuba lokugcina onalo. Kucabangisise manje. Into iwukuthi, ngeke yini uthathe leli thuba na?

155 Wena uthi, "Awu, ngithi ukuba musha." O, mfowethu, dadewethu, Akanandaba nobudala. Ungaweqa umugqa lapho usemusha noma lapho usumdala; akunandaba. Niyabo?

156 Baba wethu waseZulwini, loMlayezo manje siwunikeza Wena, eGameni likaKristu. Yihora elimnyama kunawo wonke umhlaba olibonile. Isikhathi esimnyama kunazo zonke emlandweni wesintu owake wabhalwa. Kukhona imicibisholo emoyeni, amasoso endizayo, bawabiza kanjalo.

157 Wena wathi, "Kuyoba nezibonakaliso ezulwini; nasemhlabeni, ukuzamazama komhlaba okukhulu okuzamazamayo ezindaweni ngezindawo, ukuqhuma kwezintaba-mlilo; amagagasi amakhulu olwandle." Wena wathi, "Ulwandle luyahlokoma. Inhliziyo yendoda iyahluleka." Ngempela. Umhlaba awazi ukuthi wenzeni. Ibhomu le-athomu lokuqala liyakusho. "Ukudideka kwesikhathi, usizi phakathi kwezizwe." Wena wathi, "Lapho lezi zinto zifezeka, khona-ke phakamisa ikhanda lakho, ukuHlengwa kwakho kuyasondela."

158 Uma ngicabanga ngaleya, lawomaJuda. Ngibona leyonkanyezi endala enamachopho ayisithupha kaDavide, ifulege elidala kunawo wonke emhlabeni, lilenga ngaleya. Kungani izizwe zingaliboni na? Futhi ukucabanga, ukuthi isizwe sakithi esithandekayo sizohhukana nama-Arabu, kubukeka kanjalo. Bazoqalekiswa, impela nje. Badelele u—umusa kaNkulunkulu, manje bafanele bamele ukwahlulela. Niyalibona lelo fulegi elidala lilenga ngaleya! Niyalubona ugwadule luphuma njengembali iqhakaza! Niyawabona lawomaJuda ebuya esuka ezansi le e-Iran, ebelapho iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu! IBhayibheli lathi bayobuyiselwa eJerusalema ngephiko lwezinkozi. Ukubona lezozindiza ezinkulu ze-United Airlines zibabuyisela emaphikweni okhozi, njengoba kwakunjalo. Bona behla emikhunjini, futhi bebheka, base bethi, "Uphi uMesiya na?"

159 Wena wathi, "Lapho umkhiwane usuhlumile, yazini ukuthi ihlobo seliseduze." Siyabona ukuthi usuyahluma. Futhi sibona zonke ezinye izihlahla zihluma. Siyazi ukuthi sekuseduze. Sibona u-Ishmayeli no-Isaka, ngaleya esangweni, emphinjeni womunye nomunye, njengoba Washo nje. Zonke iziprofetho khona manje zishaya. Nkulunkulu, yiba nomusa futhi usindise abalahlekile.

160 Uma kufanele kube khona oyedwa lapha kulobubusuku, Nkosi, OKudingayo, khuluma nenhliziyo yakhe manje nje, ngokuba mhlawumbe sekuyihora elimnyama kunawo wonke. Nakuba singahle singakuqondi. Kungahle kube nabathile lapha abangaqondi ukuthi leli yihora elimnyama kunawo onke,

kodwa kunjalo. USathane angahle abenze baneliseke kakhulu ezintweni zezwe, baze bangakuqondi.

161 Wena wathi, eBhayibhelini, "Uhambaze, ulusizi, nowokuhawukelwa, uyimpumputhe, futhi kawukwazi."

162 Nkulunkulu, siphe, kulobubusuku, ukuthi abesilisa nabesifazane, abafana namantombazane, bangazifikela futhi babone ukuthi leli yihora elimnyama kunawo wonke umhlaba owake walibona. Manje siphe khona, Nkosi, ukuthi uma ekhona noma ubani lapha ongakwazi Wena, ukuthi bazoza ngobumnandi nangokuzithoba esiphambanweni, kulobubusuku, futhi bemukele uKristu njengoMsindisi siqu.

163 Ngabe sikhona isimo sokuziphatha esinjalo, namakhanda ethu ekhotheme, ukuthi ungathanda ukukhunjulwa emkhulekweni njengoba sivala inkonzo na? Ungasiphakamisa isandla sakho kuNkulunkulu, bese uthi, "Ngikhumbule."

164 UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nawe, nawe, nawe. UNkulunkulu akubusise emuva lapho. Nawe, nenekazi, yebo. Engaba khona omunye ngaphambi nje kokuvala na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane.

165 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngabe lokho kusho noma yini lapho ngiphakamisa isandla sami na?" Kuya ngokuthi ubuqonde ukuthini.

166 Niyazi, lapho uphakamisa isandla sakho, udelela yonke imithetho yesayensi na? Uyazi ukuthi isandla sakho kufanele silengele phansi, amandla adonsela phansi asibambela phansi? Uyazi, lapho uphakamisa isandla sakho, ukuthi kubonisa ukuthi kukhona okungaphezu kwemvelo, kuwe, okwenze isinqumo na? Okuthile okungekhona okwemvelo. Okuthile okungeyona isayensi. Ngumoya okuwe, okwenze wephula amandla adonsela phansi, ngoMuntu ongaphezu kwemvelo okuwe, uphakamisela isandla sakho kuNkulunkulu weZulu, futhi uthi, "Manje ngiyamamukela uJesu njengoMsindisi wami." Uyazi ukuthi umoya kuwena wenza lokho na? Awukwazi ukuzenzela wena. Yilokho elikushoyo, umehluko phakathi kokuPhila nokufa.

167 Uma unephutha, phakamisa isandla sakho kuYe. Uma Ebona umzwilili, Uyakubona. Impela.

168 Manje, ngenkathi usesesihlalweni sakho ngqo. Uma ufuna ukuza e-altare futhi ukhuleke, lokho kukuwe. Uma ufuna ukuhlala esihlalweni sakho, sizokukhulekela. Ungakwazi ukukhetha ukuthi iyiphi indlela ofuna ukukhuleka ngayo. UNkulunkulu uzokuzwa. Kukhona izandla ezingaba yishumi nambili eziphakeme.

169 Manje, uma ufisa, futhi ufuna uNkulunkulu akwenzele khona, khona lapho Ekunike khona ukulahlwa ngecala, khona ngqo kuyo leyondawana efanayo, Uyosusa ukulahlwa icala

kuwe. Uzozithathela ukwahlulela kwakho phezu kwaKhe uqobo. Futhi Usevele ukukhokhele.

170 Futhi Yena uzothi, “Baba, beka sonke isikweletu sakhe kwesaMi. Sekuxazululiwe.” UNkulunkulu khona-ke uzokunika uMoya oNgcwele, khona lapho okhona.

171 Ngabe ubukuqonde ngempela lapho uphakamisa isandla sakho na? Uma ubukuqonde ngempela, manje asikhuleke.

172 Msindisi obusisiwe, angazi nje ukuthi busuku buni obuzoba yintshumayelo yami yokugcina. Ngifuna ukushumayela yonke sengathi nje kwakungeyami yokugcina. Ngokuba angazi ukuthi Wena uzosho nini ukuthi, “Konke sekufeziwe manje. Woza eKhaya.” Ngikhulekela ukuthi Ungigcine. Ngifuna ukuhlala, ukushumayela iZwi. Ngiyasibona isidingo seVangeli, nomphumela Elinawo phezu kwesintu. Kodwa lapha ezweni lakithi elihle laseMelika, sibone ukukhululeka okukhulu kakhulu, izingcebo, imali, yonke into.

173 O, asikwazi nje ukuqhubeka kanje, futhi iningi lomhlaba libulawa indlala. Sondliwe kahle futhi sembathiswa, futhi sinemizi yethu, izimoto zethu. Asidingi lutho, futhi asazi ukuthi singabalu “sizi, abokuhakelwa, abaphuphuthekile,” ngokukhuluma ngokomoya, “hamba-ze,” ngaphandle kweGazi leNkosi uJesu. Nokho, singahle sibe nobulungu obukhulu esontweni. Singahle sibe nokuma okuhle kwenhlalisayo emphakathini. Singahle sigqoke kangcono, sidle kangcono. Kodwa, O Nkulunkulu, ngalowomphefumulo!

174 Manje, kulelihora elimnyama, Wena usesekhona lapha, ngoba Ubeka ukulahwa ngecala ezinhliziyweni. Kube nezandla eziningana, ngiyacabanga, ishumi nambili; ngingahle ngibe nephutha. Kungahle ukuba kube ngaphezulu noma ngaphansi. Angazi, Nkosi, kodwa Wena uyabazi bonke.

175 Futhi manje, ngesizotha, emkhulekweni wokuvala, ngibaletha ezinyaweni zaKho kamnandi nangokuzithoba, njengezingxenye ezingahlukaniseki zentshumayelo yami kulobubusuku, njengesithelo soMlayezo. Ngibaletha kuWe, Nkosi, njengoba bephakamisa isandla sabo kimi ukuba ngibakhumbule emkhulekweni. Futhi baguqile manje enhliziyweni yabo, esiphambanweni. Bamukele, Baba. Bathathe njengabantwana baKho abathandekayo. Futhi noma yikuphi lapho beya khona enkonzweni, noma kungaba kuphi, o, kwangathi bangaba amaqhawe omkhuleko. Kwangathi bangaba abazuzi bomphefumulo; basebenze, ngokuba ubusuku buyeza. Siphe khona, Baba. Bafake ekunakekeleni kwaKho, futhi ubabusise futhi ubanike isifiso esikhulu senhliziyo yabo. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele obusisiwe ungagcwalisa ukuphila kwabo. Ngokuba sikucela eGameni likaKristu. Amen.

176 Bangaki abathanda iNkosi uJesu ngenhliziyo yabo yonke na? O, Akamangalisi na? Bangaki abazizwa bekolojiwe nya

na? Njengoba nje iNkosi ibisanda kwehla futhi yathatha ibhulashi laYo lokukhuhla elikhulu futhi yavele yakukhuhla konke kwasuka. O, he!

177 Siphe indlela kulelo elidala, ngiyakholwa, iculo leSalvation Army, "Yini engahlanza zonke izono na? Akukho lutho kodwa i . . . " [UMfowethu Branham uyathula okwesikhashana. Ibandla lithi, "IGazi likaJesu."—Umhl.] "Yini engangenza ngiphelele futhi na? Lutho kodwa i . . . ["Gazi likaJesu."] Kunjalo. Asilicule, sonke kanye kanje, manje.

Yini engahlanza izono zethu?
Lutho kodwa iGazi likaJesu;
Yini engangenza ngiphelele futhi na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu.

O, kuyigugu ukugeleza
Okungenza ngibe mhlophe njengeqhwa;
Awukho omunye umthombo engiwaziyo,
Lutho ngaphandle kweGazi likaJesu.

178 Akumangalisi yini lokho na? Uyawathanda lawo mahubo amadala na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, he! Bengifuna ukubona okuthize manje. Yimuphi noma ubani kini . . . Onke amaMethodisti phakamisani izandla zenu. Kuhle. Onke amaBaptisti phakamisa isandla sakho. Ingabe ikhona iPilgrim Holiness na? Phakamisa isandla sakho. Nazarene? Phakamisa isandla sakho. Church of God? Phakamisa isandla sakho. Presbyterian? Phakamisa isandla sakho. Ebengaba khona umKatolika na? Phakamisa isandla sakho. Bheka nje amabandla ahlukene phakathi lapha!

179 Manje sisacula lelo futhi, yini eyenza iPresbyterian iphelele na? Lutho ngaphandle kweGazi likaJesu. Yini eyenza iMethodisti iphelele na? Lutho kodwa iGazi likaJesu. Yini eyenza iNazarene iphelele na? Lutho ngaphandle kweGazi likaJesu. Yini eyenza . . .

180 Mangaki amaPentecostal na? Ngikhohlwe ukukubuza lokho. Mangaki amaPentecostal phakathi lapha na? Phakamisa isandla sakho. Manje abantu bayabona. Bathi siyibandla lePentecostal. Bekukhona izandla ezinhlanu eziphakeme, zamaPentecostal. Nakho lapho okhona.

181 Asiwona amaPentecostal, ehlelweni. SiyiBandla likaNkulunkulu ophilayo. Singabantwana bakaNkulunkulu nje. SingamaPresbyterian. SingamaMethodisti. SingamaBaptisti. SingamaLuthela. SingamaNazarene. SingamaPentecostal. SiyiPilgrim Holiness. Siyibo bonke. Ngokuba sonke simunye, kuKristu Jesu. Yini eyakwenzayo na? *Lokhu*!

Yini engahlanza isono sami na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu;
Yini engangenza ngiphelele futhi na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu.

O, kuyigugu ukugeleza
Okungenza ngibe mhlophe njengeqhwa;
Awukho omunye umthombo engiwaziyo,
Lutho kodwa iGazi likaJesu.

182 Akamangalisi na? Yebo, mnumzane! Manje sisacula, *Phansi EsiPhambanweni,* ngifuna iMethodisti, neBaptisti, nePresbyterian, nePentecostal, neNazarene, bonke ukuba baxhawulane, kulungile, sisalicula.

Phansi esiphambanweni lapho . . .

Phenduka ngqo manje, xhawulana nomuntu othile.

Phansi lapho okukuhlanzwa . . .
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

[UMfowethu Branham ukhuluma noMfowethu Neville—Umhl.]

Udumo eGameni laKhe eliyigugu!
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

183 Manje lobu ubusuku besidlo, njengoba wonke umuntu azi. Sithatha isidlo kulobubusuku. Futhi ngikhohliwe ngakho uMfowethu Neville waze wangikhumbuza nje.

184 Manje bangaki ozizwa kahle ngempela, ukuthi uyiNazarene Pilgrim Holiness Pentecostal Baptisti na? Ake sibone isandla sakho. Bengiqaphela lapha, iBaptisti neMethodisti bemi emsamo, bexhawulana. O, asinjalo yini . . . Akumangalisi yini ukuba inceku yeNkosi!

185 Manje singabantwana nje. Futhi abantwana unezindlela ezimbi kabi ezihlekisayo, niyazi. Bazobe beqophisana umzuzu owodwa futhi bedlala kolandelayo. Futhi yileyondlela okufanele sibe ngayo. Vele ususe ukuqophisana, kusuke ehlombe lakho, futhi uphume futhi ube nokujabula, dlala ngonodoli bakho, nanoma yini okufanele yenziwe.

186 Manje sinemvuselelo ezayo. Futhi sizocula iVangeli, sishumayele iVangeli, futhi sibe nesikhathi esimnandi nje. Bangaki abazobe bekukhulekela na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, lokho kuhle. Manje, woza futhi usisize. Ngena ocingweni. Thola yonke indlela encane ongayenza, mema bonke abantwana bangene. Batshele, "Woza manje, futhi sisize manje. Sizoba nenhlanganyelo ethize ngaseZwini."

187 Manje yisikhathi sesidlo. Wonke umuntu wamukelekile ukuthatha isidlo kanye nathi, imizuzu embalwa nje. Babenyusela lapha e-altare, futhi, imizuzu eyishumi noma eyishumi nanhlanu, konke sekuphelile, khona-ke sigcina ukugezana izinyawo.

188 UMfowethu Neville manje uzofunda umBhalo ophathelene nesidlo, ngenkathi thina sihlonipha ngokuzithoba ngempela manje, njengoba sithatha isidlo sakusihlwa.

*Wayesefika-ke UJesu* ZUL57-0407E
(Then Jesus Came)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngo Ephreli 7, 1957, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

